



Getting the most from stories

Do you enjoy reading with your children and want to make sure that they benefit as much as possible from spending time in this way? Here are some ideas for activities to use before you read, while you're reading and after you've finished reading a book. These activities deepen and extend the experience of the books you read together. Some of them are suitable for all ages, while some are better suited to older children – choose the ones that you think are best for your children.



Ukuthola okuningi ezindabeni

Ngabe uyakuthokozela ukufunda nezingane zakho futhi ufuna ukuqinisekisa ukuthi zithola izinzuzo ngendlela engakwazi ukwenzeka ngokuchitha isikhathi ngale ndlela? Nanka amanye amacebo emisebenzi ongayisebenzisa ngaphambi kokuthi ufunde, ngesikhathi ufunda nangemva kokuqeda ukufunda incwadi. Le misebenzi ijulisa futhi yelula lokho okwenzeka ngencwadi eniyifunda ndawonye. Eminye yayo ilungele yonke iminyaka yobudala, kanti eminye ilungele izingane ezindadlana – khetha leyo ocabanga ukuthi izilungele kangcono izingane zakho.

Before

- ★ Spend some time looking at the information and illustration or photograph on the front cover of the book. With older children, you might also want to read the blurb on the back cover. This helps children learn that they can use the information provided on a book's cover to decide whether they want to read the book or not.
- ★ Ask your children to use the cover to predict or guess what the book is about. (You can follow this up after reading the book by asking your children to think about how accurate their predictions were!)
- ★ Ask your children if they know any other stories about similar things to this story. For example, you could say, "This story is called, *Tortoise and the birds*. Do you know any other stories about tortoises or birds?" Also invite them to share their memories, for example, ask, "Have you ever been lost?"

During

- ★ As you read, stop briefly once or twice, to ask, "What do you think will happen next?" Thinking about cause and effect deepens children's understanding about how things work.
- ★ Ask your children to comment on the pictures or to find particular people or objects in the pictures.
- ★ If your children can already read, take turns to read different parts of the story. Encourage younger children to join in by pretend reading (or reciting) parts of stories that they know well, and to help you make sound effects, like knocking on a door or the wind howling.

After

- ★ Many stories focus on how characters deal with challenges that life sends their way. It is powerful for children to relate these things to challenges that they face in their own lives. Encourage them to make strong connections by saying something like, "When I read this story to you, it reminds me of how important good friends are. What does it remind you of?"
- ★ Children develop empathy by putting themselves in a character's situation. Help them to do this by asking them to think about why a character behaved in a particular way in the story.
- ★ Invite children to retell the story you have read, or to draw or paint a picture of their favourite part of the story. Or, act out the story with them. These activities help them to deepen their understanding of the story.

Ngaphambi kokufunda

- ★ Chitha isikhathi esithile ubheka ulwazi kanye nemidwebo noma isithombe esisekhaveni engaphambili yencwadi. Nezingane ezindadlana, kungenzeka futhi ukuthi ufunde ukufunda amazwibela ngencwadi asekhaveni engemuva. Lokhu kusiza izingane ukuthi zifunde ukuthi zingasebenzisa imininingwane ehlinzekwe ekhaveni yencwadi ukuze zinqume ukuthi ngabe ziyafuna yini ukufunda incwadi noma cha.
- ★ Cella izingane zakho ukuthi zisebenzise ikhava ukuze zicabangele noma ziqagele ukuthi ingani incwadi. (Ungalandelisa lokhu ngemva kokufunda incwadi ngokucela izingane zakho ukuthi zicabange ngokuthi kushaye emhloveni kangakanani lokho ezikuqagelile!)
- ★ Buza izingane zakho ukuthi ngabe ziyazazi yini ezinye izindaba ezinezinto ezifanayo nale ndaba. Ukwenza isibonelo, ungathi, "Le ndaba ibizwa ngokuthi, *Ufudu nezinyoni*. Ngabe zikhona yini ezinye izindaba ozaziyo ngezimfudu noma ngezinyoni?" Phinda uzicele ukuthi zabelane ngezinkumbulo yazo, isibonelo buza ukuthi, "Ngabe wake walahleka?"

Ngesikhathi sokufunda

- ★ Ngesikhathi ufunda, yima kancane kanye noma kabili, ukuze ubuze ukuthi, "Ucabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka?" Ukucabanga ngembangela kanye nomthelela kugxilisa ukuqonda kwezingane mayelana nendlela okusebenza ngayo izinto.
- ★ Cella izingane zakho ukuthi ziphawule ngemidwebo noma ukuthi zithole abantu abathile noma izinto ezithile eziithombeni.
- ★ Uma izingane zakho sezikwazi ukufunda, shintshanani ngokufunda izingxenye ezahlukene zendaba. Khuthaza izingane ezincane ukuthi zihlanganyele ngokwenza sengathi ziyafunda (noma ngokusho ngekhandu) izingxenye zezindaba ezizazi kahle, nokuthi zikusize ngokwenza imisindo eyakha umuzwa, efana nokungqongqozo emnyango noma ukuvunguza komoya.

Ngemva kokufunda

- ★ Izindaba eziningi zigxila ekutheni abalingiswa babhekana kanjani nezinsalelo abaziphonselwa yimpilo. Kunamandla ukuthi izingane ziqhathanise lezi zinto nalokho ezibhekene nakho ezimpilweni zazo. Zikhuthaze ukuthi zixhumane kakhulu nalokho ngokusho okufana nalokho, "Uma nginifundela le ndaba, ingikhumbuzi ukuthi babaluleke kangakanani abangani abahle. Ngabe wena ikukhumbuzani?"
- ★ Izingane zifunda ukuba nozwelo ngokuzibeka esimweni somlingiswa. Zisize ukuthi zenze lokho ngokuzibuzi ukuthi zicabanga ukuthi kungani umlingiswa othile eziphathe ngendlela ethile endabeni.
- ★ Cella izingane ukuthi zixoxe kabusha indaba oyifundile, noma ukuthi zidwebe noma zipende isithombe sengxenye eziyithandile endabeni. Noma, ulingise indaba nazo. Le misebenzi izisiza ukuthi zijulise ukuqonda kwazo indaba.



Don't forget to try some of the activities suggested for the stories in each supplement. You will find these on page 4 of the supplements.

Ungakhohlwa ukuzama eminye yemisebenzi ephakanyiselwe izindaba kuleso naleso sithasiselo. Lokhu uzokuthola ekhasini lesi-4 lezithasiselo.



Drive your imagination

Story Power.
Anywhere. Anytime. Anyone.
Noma kuphi. Noma nini. Noma nobani.



Celebrating Dr. Seuss Day!

Have you ever heard people talk about "The Cat in the Hat" or "The Grinch"? Well, these are two of the characters created by the great children's writer and illustrator, Dr. Seuss.

Dr. Seuss's real name was Theodor Seuss Geisel – known as "Ted" to his family and friends. He was born in the USA on 2 March 1904. After finishing school and studying for a while afterwards, he started working in advertising when he was 23. He wrote his first children's book when he was 27, but he couldn't find a publisher for it. The first book he got published was *And to Think That I Saw It on Mulberry Street*. He went on to publish 66 books, which are still enjoyed by children all over the world today – and they have been translated into lots of languages too! He said that he created books for children because he wanted to entertain them and teach them to read and think.

Every year Dr. Seuss Day is celebrated on 2 March. Go to www.seussville.com to find out more.



Ukugubha Usuku LukaDr. Seuss!

Uke wezwa abantu bekhuluma bethi "The Cat in the Hat" noma "The Grinch"? Ehhene, laba ngabalingiswa ababili abaqanjwa ngumbhali nomdwebi wezincwadi zezingane osezingeni eliphezulu, uDr. Seuss.

Igama likaDr. Seuss langempela kwakunguTheodor Seuss Geisel – owayedume ngelika-"Ted" emndenini wakhe nakubangani. Wazalelwa kwelase-USA mhla zi-2 kuNdasa ngowe-1904. Ngemva kokuqeda esikoleni nokuziqhuba emfundweni isikhashana emva kwalokho, waqala ukusebenza kwezokukhangisa eneminyaka engama-23. Wabhala incwadi yakhe yezingane yokuqala eneminyaka engama-27, kodwa wehluleka ukuthola umshicileli. Incwadi yokuqala akwazi ukuyishicilela ngethi, *And to Think That I Saw It on Mulberry Street*. Waqhubeka washicilela izincwadi ezingama-66, ezisathokozelwa yizingane emhlabeni wonke ngisho nanamuhla – kanti sezihunyushelwe ezilimini eziningi impela! Wathi-ke ubhalele izingane izincwadi ngoba wayefuna ukuzithokozisa nokuzifundisa ukufunda kanye nokucabanga. Minyaka yonke Usuku LukaDr. Seuss lugujwa mhla zi-2 kuNdasa. Vakashela ku-www.seussville.com ukuthola okunye okuningi.

Did you know?

1. Most of Dr. Seuss's books are written in rhyme – only five are not!
2. Four of his books have been made into movies: *The Cat in the Hat*, *The Lorax*, *How the Grinch Stole Christmas!* and *Horton Hears a Who!*
3. *Green Eggs and Ham* was written when Dr. Seuss's publisher bet him that he could not write a book using 50 or fewer words. This is Dr. Seuss's best-selling book!
4. The word "nerd" was made up by Dr. Seuss. It first appeared in *If I Ran the Zoo*.
5. Dr. Seuss created over 50 imaginary animals in his books.
6. There is a statue of Dr. Seuss in a public garden in his hometown of Springfield. It is surrounded by statues of the characters from his books.

Ngabe ubuwazi?

1. Iningi lezincwadi zikaDr. Seuss zibhalwe njengezilandelo – zinhlanu kuphela ezingenjalo!
2. Izincwadi ezine zazo zaguqulwa zaba ngamafilimu: i-*The Cat in the Hat*, i-*The Lorax*, i-*How the Grinch Stole Christmas!* kanye ne-*Horton Hears a Who!*
3. I-*Green Eggs and Ham* yabhalwa ngenkathi umshicileli kaDr. Seuss efunga ethi ngeke akwazi ukubhala incwadi ngamagama angama-50 noma ngaphansi. Lena yincwadi kaDr. Seuss ethengiswa kakhulu ukwedlula zonke!
4. Igama elithi "nerd" laqanjwa nguDr. Seuss. Lavela okokuqala encwadini ethi, *If I Ran the Zoo*.
5. UDr. Seuss wadala izilwane azisusela ekhanda ezingaphezu kwama-50 ezincwadini zakhe.
6. Kukhona umfanekiso oyisichuse kaDr. Seuss engadini yomphakathi edolobheni azalelwe kulo eSpringfield. Uzungezwe yimifanekiso engabalingiswa abaphuma ezincwadini zakhe.

NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

Ikwewezi FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

Lesedi FM on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

Ligwalagwala FM on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

Munghana Lonene FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

Phalaphala FM on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

RSG on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

Thobela FM on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

Ukhozi FM on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

Umhlobo Wenene FM on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

X-K FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali!

Ku-Ikwewezi FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

KuLesedi FM ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

KuLigwalagwala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuMunghana Lonene FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

KuPhalaphala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

KuRSG ngoMsombuluko ukuya ngoLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuSAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama

KuThobela FM ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni

Ku-Ukhozi FM ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

Ku-Umhlobo Wenene FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni

KuX-K FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni

Dear Na'ibali

Do you know of any stories about single mothers that I can share with my children?

Clarissa September, Port Alfred

Dear Clarissa

The best way to find stories about particular themes, is to visit a library or bookshop near you and ask the librarian or bookseller for help. You can also tell your children your own stories about the things you have done with them. Start like this, "Once upon a time, there lived a mommy and her children named ...". Most young children love hearing simple stories about themselves and the people who care for them. You could even write down these stories to read together again on another day.

Hope you continue to enjoy sharing stories with your children.

The Na'ibali Team

Na'ibali othandekayo

Ngabe zikhona yini izindaba zomama abakhulisa izingane ngabodwa engingabelana ngazo nezingane zami?

uClarissa September, ePort Alfred

Clarissa othandekayo

Indlela enhle kakhulu yokuthola izindaba ngezindikimba ezithile, wukuvakashela umtapo noma isitolo sezincwadi esiseduze kwakho ucele osebenza emtasheni noma umthengisi wezincwadi akusize. Ungaphinda utshale izingane zakho izindaba zakho ezimayelana nezinto ozenze nazo. Qaka kanjena, "Kwesukesukela, umama nezingane zakhe amagama azo ...". Iningi lezingane ezincane ziyathanda ukulalela izindaba ezilula ezixoxa ngazo uqobo nabantu abazinakekelayo. Ungaze uzibhale phansi lezi zindaba ukuze niphinde nizifunde ndawonye futhi ngelinye ilanga.

Sithemba uzoqhubeka nokuthokozela ukwabelana ngezindaba nezingane zakho.

Ithimba likaNa'ibali

Dear Na'ibali

We enjoyed your Holiday Edition of the supplement at the end of 2016! Thank you for the stories and fun holiday ideas. We tried all of them!

Mrs V. Dlamini, Pietermaritzburg

Dear Mrs Dlamini

We're so glad you enjoyed it! Hope you had fun trying out the holiday ideas.

The Na'ibali Team

Na'ibali othandekayo

Siluthokozele Ushicilelo Lwamaholidi lwesithasiselo ekupheleni kowezi-2016! Sibonga izindaba kanye namasu athokozisayo amaholidi. Siwazame wonke bo!

uNkk V. Dlamini, eMgungudlovu

Nkk Dlamini othandekayo

Sijabule kakhulu ukuthi usithokozele! Sithemba uthokozile ukuzama amacebo amaholidi.

Ithimba likaNa'ibali

Dear Na'ibali ... Na'ibali othandekayo ...

Write to Na'ibali at
The Na'ibali Trust, Suite 17-201,
Building 17, Waverley Business Park,
Wycroft Road, Mowbray, 7700,
or at info@nalibali.org.

Bhalela uNa'ibali
ku-The Na'ibali Trust, Suite 17-201,
Building 17, Waverley Business Park,
Wycroft Road, Mowbray, 7700,
noma ku-info@nalibali.org.

Dear Na'ibali

I grew up in a family where we were read to every night, but I never really experienced having stories told to me as a child. Recently, I have been taking my six-year-old daughter to Story Time at our local library. The children's librarian there either tells or reads a story to the children each week. I'm so inspired by the way she tells stories that I want to give it a try too, but I don't know how to get started. Can you give me a few tips to get me going?

David Engels, Port Elizabeth

Dear David

It's always easiest to start with what you know when you first start telling stories. So, start with stories that you know well, like those you have enjoyed reading over the years. Well-told stories will create pictures in the minds of our listeners! Add interesting and expressive words to your story and use different expressions in your voice – for example, a soft, squeaky voice for a mouse and a big, booming voice for a giant. Once you get the hang of telling familiar stories, try finding new stories in books or on the Internet. But mostly, just have fun – the more you enjoy telling your daughter stories, the more she will enjoy listening to them.

Hope you have many hours of storytelling fun!

The Na'ibali Team

Na'ibali othandekayo

Ngakhulela emndenini lapho sasifundelwa khona njalo ebusuku, kodwa angikaze ngikuzwe ukuxoxelwa izindaba ngiyingane. Kamuva nje, bengihambisa indodakazi yami eneminyaka eyisithupha yobudala kuSikhathi Sendaba emtasheni wezincwadi wangakithi. Osebenza ngezincwadi lapho uxoxela noma afundele izingane indaba esontweni ngalinye. Ngikhuthazekile ngendlela axoxa ngayo ngangokuthi ngifuna ukuzama nami, kodwa angazi ukuthi ngingaqala kanjani. Unganginika yini amacebo ambalwa okuthi ngiqhubekela phambili?

uDavid Engels, eBhayi

David othandekayo

Imvamisa kulula kakhulu ukuthi uqale ngalokhu okwaziyo uma uqala ukuxoxa izindaba. Ngakho, qala ngezindaba ozazi kahle, njengalezi owathokozela ukuzifunda eminyakeni eminingi. Izindaba ezixoxwe kahle zizokwakha izithombe ezingqondweni zabalaleli bakho! Hlanganisa amagama amnandi naveza imizwa endabeni yakho bese usebenzisa imisindo eyahlukene ezwini lakho – isibonelo, izwi eliphansi, elinswinizayo uma kukhuluma igundane kanye nelikhulu, elibhodlayo lesiqhwaga esikhulu. Uma usukujwayele ukuxoxa izindaba ezijwayelekile, zama ukuthola izindaba ezintsha ezincwadini noma ku-inthanethi. Kodwa ikakhulukazi, zithokozise ngokwenzayo – ngenkathi ukuthokozela kakhulu ukuxoxela indodakazi yakho izindaba, nayo izokuthokozela kakhulu ukuzilalela.

Sithemba uzoba namahora amaningi enjabulo yokuxoxa izindaba!

Ithimba likaNa'ibali



Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep books, *Little Ant's big plan*, (pages 5, 6, 11 and 12) and *Lifa's "Lost and Found"* (pages 7, 8, 9 and 10) as well as the Story Corner story, *Tortoise and the birds* (pages 13 and 15). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.

Little Ant's big plan

Little Ant loves to read, but the other ants think he should rather be collecting food for the winter. They change their minds when the knowledge Little Ant has gained from reading, helps them with their food supply!



Invite your children to draw and cut out pictures of Little Ant and the other story characters, and then to use these to retell the story in their own words.



With your children, find out more about ants from information books and/or the Internet. Look for interesting facts on their colonies and how they gather and store food.



Lifa's "Lost and Found"

This is a story about honesty and doing the right thing. When Lifa finds a lot of money, she has some hard choices to make, but eventually her actions inspire others to do the right thing too!

Discuss the following questions with your children after you have read the story together.



If you saw someone drop something, would you give it back to them?



How do you know what the right thing to do is?



Who can you ask for help with making decisions?



Although Lifa got a reward, you might not always get a reward for doing the right thing. Would you do it anyway?



Icebo Elikhulu LikaNtuthwane Omncane

UNtuthwane Omncane uyazifela ngokufunda, kodwa ezinye izintuthwane zicabanga ukuthi kungcono ukuba uqokelela ukudla kobusika. Ziguqula imiqondo uma ulwazi uNtuthwane Omncane aluthohle ngokufunda, luzisiza ekuba kube nokudla!



Cela izingane zakho ukuba zidwebe bese zikhipha izithombe zikaNtuthwane Omncane nabanye abalingiswa bendaba, bese zisebenzisa lokhu ukuxoxa kabusha indaba ngamazwi azo.



Kanye nezingane zakho, tholani kabanzi ngezintuthwane ezincwadini zolwazi kanye/noma ku-inthanethi. Bhokani amaqiniso athokozisayo ngeziduli zazo nokuthi zikuqokelela ziphinde zikugcine kanjani ukudla.

"Ingosi Yokutholiselana" KaLifa

Lena yindaba yokwethembeka nokwenza into efanele. Lapho uLifa ethola imali eningi, ubhekana nobunzima ngokufanele akukhethe, kodwa ekugcineni izenzo zakhe zigquguzela abanye ukuthi benze okuhle nabo!

Xoxani ngemibuzo elandelayo nezingane zakho ngemuva kokuthi usuyifundile indaba kanye nazo.



Uma ubona umuntu ewisa into ethile, ungambuyisela yini leyo nto?



Wazi kanjani ukuthi yini into okufanele uyenze?



Ubani ongamcela usizo ekuthatheni izinqumo?



Nakuba uLifa wathola inzuzo, ngeke uhlale uzuza ngokwenza into efanele. Ungaqhubeka yini wenze okufanele?

Tortoise and the birds

There is a terrible drought on earth and the animals and birds are starving. They decide to ask the cloud people for food, but Tortoise eats it all! In the end Tortoise has to pay a very high price for his greed.



With your children, discuss what you think of Tortoise's trick.



Ask your children, "How would the story have been different if Tortoise had shared the cloud people's food with the birds?" Then encourage them to retell the story changing it in this way.



Tortoise feels ashamed at the end of the story, so he must have learnt something from what happened! Invite your children to draw a picture of Tortoise and to then write and complete the following sentence in a speech bubble next to their picture: I learnt that I ...



UFudu nezinyoni

Kunesomiso esikhulu emhlabeni kanti izilwane nezinyoni zifa yindlala. Zinquma ukucela ukudla kubantu basemafini, kodwa uFudu wakudla konke! Ekugcineni uFudu uthola isijeziso esikhulu ngobugovu bakhe.



Nezingane zakho, xoxani ngenikucabangayo ngobuqili bukaFudu.



Buza izingane zakho, "Ibizokwehluka kanjani indaba ukuba uFudu ubabelene ngokudla kwabantu basemafini nezinyoni?" Emva kwalokho zigquguzele zixoxe kabusha indaba ngokuyiguqula ngale ndlela.



UFudu uzizwa enamahloni ekugcineni kwendaba, okusho ukuthi kukhona akufundile kulokhu okwenzekile! Cela izingane zakho ukuba zidwebe isithombe sikaFudu bese zibhala ziqedele umusho olandelayo ebhamuzeni lenkulumo eduze kwesithombe: Ngifunde ukuthi ...

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi 5 ukuya kwele-12 alesi siithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguqhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguqhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination

Khona manjalo uNtuthwane Omncane wathi,
“Hhayi bo, nansiya irestorentli!”



And Little Ant said,
“Hey, there’s one!”

“Every child should own a hundred
books by the age of five.”



Find out more at bookdash.org. Read our books
for free, in all 11 languages, on the Android app.
Search for “Book Dash” in the Google Play store.




All Book Dash books are open-licensed and are
created by volunteer professionals at Book Dash events.

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment
campaign to spark children’s potential through
storytelling and reading. For more information,
visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



It starts with a story...


UNal’ibali umkhankaso wokufundela
ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho
okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda
izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane,
vakashela ku-www.nalibali.org noma
ku-www.nalibali.mobi




Little Ant’s big plan Icebo Elikhulu LikaNtuthwane Omncane



Candice Dingwall
Steven McKimmie
Telri Stoop



The ants go marching one by one.
They march into the setting sun.
Zasuka lapho izintuthwane zamasha zihamba ngazodwana.
Zihamba zibheke ngalapho kushona ngakhona ilanga.



Little Ant loved to read.
Little Ant was often teased.
“Ants don’t read. Ants must feed.
Ants collect the food they need.”



UNtuthwane Omncane wayekuthanda ukufunda.
UNtuthwane Omncane wayede egconwa.
“Izintuthwane vele azifundi. Izintuthwane kufanele zazi ukudla nje kuphela.
Izintuthwane ziqoqa ukudla ezikudingayo.”





Ngokushesha ulifa wakhupha impahla kuwodllobhu, wagibela esitwini wase eyihla phezu phedu kwewodllobhu. Emva kwalokho walinda uMama ukuthi abuye ekhaya. Wachitha usuku lonke ezibuzaziphendula. Wacabanga ngazo zonke izinto abangazenza uma eyigcina le mali. Kodwa cha. Lokho ngukweba. Uma eyigcina mhlawumbe yayizokwenda ukuthi uMama angayeka umsebenzi. Kodwa ngisho nawo lowo mcabango awuzange umlithela injabulo. Besingathenga izimpahla zokugqoka nama-CD kanye nesisigandini esisha. Kodwa ... akakwazanga ukubaleka, lolo zwi ... "Into ofanle ukuyenza iyona kuphela okumele uyenze!"

Quickly, Lifa took the parcel out of her cupboard, got on a chair and hid it high up on top of the cupboard. Then she waited for Ma to come home. She spent the day arguing with herself. "I think of all the things they could do if she kept it. But no. That was stealing. If she kept it maybe it was enough for Ma to give up work. But even that thought did not bring her happiness. We could buy clothes and CDs and a new fridge. But ... she couldn't escape that voice, ... "The right thing to do is the only thing to do!"




Kodwa INGXYAMII
Ngityholile futhi ngeke ngivumele muntu ayithathe. INGXYAMII
"Cha, akusiyona, uyazikhohlisa!" kwasho izwi likaMama emqondweni wakhe. "Into ofanle ukuyenza iyona kuphela okumele uyenze!"

Ulifa wafihla impahla leyo ngaphansi kwenqwaba yezingubo ezisewodllobhini yakhe. Kodwa akazange akhululeke. Angathi uma kanti kukhona ombonile ecosha le mpahla? Angathi uma lowo engagqela ukuthi kukhona ini phakathi? Uma eseza azoyicela? Noma azoyithatha ngenkani?

Lifa stuffed the parcel under a pile of clothes in her cupboard. But she couldn't relax. What if someone had seen her pick up the parcel? What if they guessed what was inside? And came and asked for it? Or took it by force? But it is MINE! I found it and I won't let anyone take it. IT IS MINE! "No, it isn't, silly!" Ma's voice said inside her head. "The right thing to do is the only thing to do!"

Lifa's "Lost and Found" "Ingosi Yokutholiselana" KaLifa

Sindiwe Magona
Heather Iggulden



This story comes from *Stories that Talk 2*, Heartlines' second collection of stories about values. For more information please email orders@heartlines.org.za or phone (011) 771 2540.

HEARTLINES
The Centre for Values Promotion

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



What a dead, dull day, Lifa thought. Everybody's gone to work with their mother, but the old woman my mother works for won't let me come. I am so bored. And this is only the first day of the holidays!
 Lifa carried on looking through the TV guide. Then she heard a door creak open and quickly bang shut again. Her heart skipped a beat. Maybe? She leapt to her feet and ran to the window to take a peak. But it was only grumpy old Mr Mzi who lives two houses away.

Kwaze kwaba wusuku olufile, olubi nje, kucabanga uLifa. Wonke umuntu uhambile nonina waya emsebenzini, kodwa isalukazi umama asebenza kuso asingivumelanga ukuya. Nginesizungu nje. Kanti kusewusuku lokuqala lwamaholidi!
 ULifa waqhubeka ebuka umkhombandlela wezinhlelo zikamabonakude. Emva kwalokho wezwa umsindo wesivalo sivuleka wabuye wezwa sesigaklazeka. futhi. Wethuka inhliziyu yacishe yama. Mhlawumbe? Wagxuma wagijimela efasiteleni eyolunguza. Kwakuyilo mxhiliba onguMnu Mzi ohlala endlini yesibili.



“Awu-uh!” ULifa wagoba ecosha impahla. Iphapha elisohlangothi selivele lahlephuka magede lavuleka. “O, NKOSI YAM!” ULifa wacishe wavuma phansi ethukile. I-ma-li-e-nga-kal Kwaba yisikhathi eside uLifa emile engathi nyaka. Wayeqinisekile ukuthi uMnu Mzi uzobuya nakanyani. “Noma kanjani,” kusho yena, “uzobona. Uzojika abuye azothatha impahla yakhe.”
 Kodwa uMnu Mzi akazange abuye. Ngenkathi emile lapho, uLifa wayecabanga ngalokhu ayekuphethc ngezandla zakhe. Inhliziyo yakhe yayishaya yenza umsindo omkhulu ukwedlula isigubhu sesikhumba senkomo. Wayibamba wayithi ngqi esifubeni impahla leyo wayesegijima ebheke ekhaya. Wagijima wangena ngaphakathi, wavala, wahluthulela umnyango. Usephphile!
 Kodwa ekhaya wazizwa engasaphphile. Ikakhulu njengoba kukhona nempahla kaMnu Mzi nje lapha. Wayezizwa sengathi kukhona ombukayo. Ngisho nezindonga zazibonakala sengathi zinamcholo! AMEHLLO – AMBONILE FUTHI AZIYO!

The day crawled by. Lifa could not eat or play or sweep the floor. Oh, when would Ma come home? Finally, just as the sun dipped down behind the far buildings, Ma opened the front door.
 Usuku lwahamba okosana olugagayo. ULifa wayengakwazi ukudla noma ukudlala noma ukuhlephula isithongwana. Wayengakwazi ukubuka umabonakude, ukufunda incwadi, noma ukushanela phansi. Kanti, uzobuya nini uLama ekhayay? Ekugcineni, lapho ilanga selisithela ngenumva kwezakhwivo ezikude, uLama wezwakala cvula umnyango ongaphambili.



Lifa jumped up. “Ma!” she shouted. “Quickly! Come and see! Hurry!”
Ma’s eyes grew bigger when she looked inside the parcel. She was quiet for a long time. She did not say anything.
And suddenly Lifa knew. She knew what was right and she knew what she had to say. Lifa whispered, “Ma, you always say, ‘The right thing to do is the only thing to do!’”
ULifa wagxuma wabhaka phezulu. “Ma!” ememeza. “Sheshal! Woza uzobona! Sheshisal!”
UMama wawakhipha ayizimbulunga amchlo uma ebuka phakathi kulesi sijumbana. Wavale wathula isikhathi eside. Akazange asho lutho. Khona manjalo uLifa wayesazi. Wayesazi ukuthi yini efanele futhi wayesazi ukuthi kufanele athini. ULifa wavale wanyenyeza wathi, “Mama, uhlele usho ukuthi, ‘Into ofanele ukuyenza iyona kuphela okumele uyenzel!’”

But the story does not end there! When Lifa’s story was published in the newspaper, people were amazed. The editor wrote another article encouraging others to turn in things they had found. The paper was flooded. Pets, belts, wallets, cellphones and sometimes even children were brought to *Vukani*. Soon, the newspaper could not cope with all the items and asked Lifa to help out.

Today, if you read *Vukani*, you will see a column called “Lifa’s Lost and Found”. And above the column is a photo of a smiling girl. Of course, that is Lifa!

Kodwa indaba ayipheleli lapho! Lapho indaba kaLifa ishicilelwa ephepheni, abantu bamangala. Umhleli wabhala esinye isiqephu esegqugquzela abanye ukuthi babuyise izinto uma bezitholile. Kwagcwala izinto eziningi kwabephephandaba. Izilwane ezifuywayo, amabhande, izikhwama zemali, omakhalekhukhwini, kanti ngesinye isikhathi kukhona nababeletha ngisho izingane kwa*Vukani*. Esikhathini esingekakanani iphephandaba lase lehluleka ukugcina zonke izinto, lase licela uLifa ukuthi asize.

Namuhla uma ufunda i*Vukani*, uzobona kunengosi ebizwa ngokuthi “Ingosi Yokutholiselana” KaLifa. Futhi ngaphezu kwale ngosi kunesithombe sentombazane emoyizelayo. Ngempela leso sithombe esikaLifa!


“O-oh!” Lifa bent down to pick up the parcel. The paper on the side had ripped open. “OH, MY!” Lifa nearly fell over with shock. So-ooo mu-uch money!
For a long moment, Lifa stood rooted to the spot. She was sure Mr Mzi would soon be back. “Surely,” she said, “he’ll realise. He’ll turn round and come back for his parcel.”
But Mr Mzi did not come back.
As she stood there, Lifa thought about what she held in her hands. Her heart was thudding louder than a cowhide drum. She clutched the parcel tightly against her chest and ran home. She raced inside, and closed and bolted the door. Safe! But home did not feel very safe anymore. Not with Mr Mzi’s parcel there. It was as though she was being watched. Even the walls seemed to have eyes! EYES – THAT SAW, AND KNEW!

Mr Mzi walked down the steps clutching an armful of parcels in one arm, and a briefcase, a bunch of keys and some papers in the other. He kicked the gate open and walked towards the black Mazda parked just outside his gate. Lifa watched as Mr Mzi put one parcel on the roof of the car, opened the back door and flung the briefcase and all the other things onto the back seat.


“O-oh, forgot something,” Lifa said aloud when she saw Mr Mzi run back into the house.

UMnu Mzi wehla ngezitebhisi egodle izimpahlana nesikhwama ekhwapheni, ngesinye isandla ephethe isixha sezikhiye namaphepha. Walikhahlela isango lavuleka waqonda ngasemotweni emnyama eyiMazda eyayipake ngaphandle kwesango. ULifa wabuka ngenkathi uMnu Mzi ebeka impahla eyodwa phezulu kophahla lwemoto, evula isicabha esimnyama, wayesejikijela isikhwama kanye nezinye izinto esihlalweni esingemuva.

“Awu, kukhona akukhohliwe,” kusho uLifa ngezwi eliphakeme uma ebona uMnu Mzi egijima ebuyela emuva endlini.



Ngomzuzwana nje wayesephumile futhi. Ngeniyane emotweni, ayidumise ... imoto yasuka ngesivini iyosithela. “Hhayi, bo!” kwasho uLifa chefuzela. ULifa washeshe wawula isihluthulo somnyango wakhe wabe esephuma ngejubane endlini ememeza, “Yima, Mnu Mzi, yima!” esho enyakazisa izingalo zakhe ngamandla. Kodwa imoto yasithela ngekhona ngenkathi impahla ishelela phezu kopahla lwemoto emnyama magede yawal Yawela phakathi emgwaqweni!



In seconds, he was out again. He slid into the car, started the engine ... and the car sped away.

“Oh, no!” Lifa gasped.

Lifa quickly undid the lock of her door and ran out of the house shouting, “Wait, Mr Mzi, wait!” waving her arms wildly. But the car disappeared around the corner as the parcel skidded across the roof of the black car and fell off! Into the road!

Mama sighed – a long, soft, and tired sigh. Her shoulders dropped. She closed her eyes and slowly nodded her head. “I am so proud of you, Lifa,” she said. “Can I count it? Can I, Ma? Before we take it to Mr Mzi, can I count it? Please?” Ma smiled. She had to help Lifa count the money. “Fifty thousand rand!” Ma said in a hushed voice. “Hu-uh?” Lifa gasped. Ma nodded. “I have never ever seen that much money in my entire life!” Lifa shook her head. Her whole body trembled. “I guess Mr Mzi will be very glad to see it again!” she said.


ULama waphfumula phezulu – isikhathi eside, ewukhipha kancane umoya futhi ekhathela. Amahlombe akhe athi dedele. Wavala amehlo akhe wayesevuma ngekhandu kancane, kancane. “Ngizaziqhenya ngawe, Lifa,” kusho uLama. “Ngingayibala? Ngingayibala, Ma? Ngaphambi kokuthi siyihambise kuMnu Mzi, ngicela ukuyibala. Ngizacela!” ULama wamoyizela. Kwakufanele asize uLifa ukubala imali. “Izinkulungwane ezingamashumi amahlanu amandli!” kwasho uLama ngezwi eliphansi. “Fhe?” kwethuka uLifa. ULama wanqekuzisa ikhanda. “Angikaze ngiyibone imali engaka selokhu ngazalwa!” ULifa wanikina ikhanda. Umzimba wonke waqhahazela. “Ngicabanga ukuthi uMnu Mzi uzojabula kakhulu ukuphinde ayibone futhi!” kwasho yena.

Mr Mzi was overjoyed. He was so relieved. He bought a huge supper for Lifa and her mother that night. And he gave Lifa a handsome reward for her honesty – five percent of the full amount. He called the reward *amehlw’akaboni* – finder’s fee.

Mr Mzi told the story of Lifa, the Good Samaritan, to *Vukani*, the local community newspaper. A story and Lifa’s picture was on the front page of the newspaper, and she was called onto the stage at school and given an award for honesty.

UMnu Mzi wjabula ngokweqile. Akushiwo nokuthi wakhululeka! Wathengela uLifa nonina isidlo sakusihlwa esikhulu. Wayesenikeza uLifa umklomelo omuhle ngokwethembeka kwakhe – ingxenye yokuhlanu ekhulwini kulesi samba semali. Umklomelo wawubiza *amehlw’akaboni* – umvuzo walowo othole obekulahlekile.

UMnu Mzi waxoxa indaba kaLifa, umSamarisa Olungileyo, eyixoxela abakwa *Vukani*, iphephandaba lendawo. Isithombe sikaLifa nendaba yakhe sakhishwa ekhasini eliphambili lephephandaba, kanti nasesikoleni sakhe wabizwa waya phambili waphinde wanikezwa umklomelo ngokwethembeka kwakhe.



The ants go marching one by one,
carrying a burger, carrying a bun.
Zaqhubeka izintuthwane zihamba
zilandelana zishaye ujenga,
zithwele ibhega, zithwele ibhanisi.

His baby sister takes his hand,
“Now I think I understand.
The way you love to read a book ...
Makes me want to take a look.”

Udadewabo kaNtuthwane omncane wabamba
isandla sakhe wathi,
“Uyabona manje ngicabanga ukuthi
ngiyakuqonda okwenzekayo.
Indlela othanda ngayo ukufunda incwadi ...
Yenza ukuthi nami ngifune ukufunda incwadi.”

UNtuthwane Omncane uyagala uyamemeza
ngendawo afunde ngayo,
“Thina lapha sidinga irestorenti,
nokuyindawo lapho abantu behamba bafike badle khona.
Kushiwo njalo lapha ezincwadini zami engizifundayo.”



Little Ant begins to shout
about a place he read about,
“A restaurant is what we need,
a place where people go to feed.
It says so in the books I read.”

Little Ant would read all day,
he’d read and read the day away.
The other ants took what they found
to store for winter underground.



UNtuthwane Omncane wayefunda usuku lonke,
wayefunda efunda usuku lonke.
Ezinye izintuthwane zazicosha ezikutholayo
zikugcinele isikhathi sasebusika ngaphansi komhlaba.



The queen wants food to fill the store,
so all the ants must work some more.
Indlovukazi yona ifuna ukudla ukuthi kugcwele engolobani,
nokusho ukuthi zonke izintuthwane kusafanele ukuthi
zisebenze kakhulu.

His mum and dad got really mad,
and Little Ant felt really bad.
In autumn when the leaves fall down,
the ants must take food underground.

Umama nobaba bacasuka kakhulu,
kanti noNtuthwane Omncane waphatheka kabi kakhulu.
Ekwindla lapho amaqabunga ewela phansi,
izintuthwane kufanele ukuthi zigcine ukudla kwazo
emgodini ngaphansi.



When they returned, the queen is glad.
The stores are full. They cheer like mad.
Kwathi lapho izintuthwane zibuya indlovukazi
yabe ithokozile.
Kwagcwala izingolobane. Kwadansa yonke
intuthwane yinjabulo.

Little Ant gets hugs from Mum and Dad.


UNtuthwane Omncane wabe esethola
ukwangiwa nguMama noBaba wakhe.

Tortoise and the birds

Retold by Nicky Webb



Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood



A long time ago, when a bird died on earth, its spirit would leave its body and float up to the clouds where it lived as a cloud person, watching over and caring for the birds and animals on earth.

The birds and animals knew about these cloud people.

There came a time when there had been no rain for a whole year. The grass died, the water holes dried up and the animals were starving. The animals and birds came together to decide what to do about the terrible drought.

"I think we should eat the ostrich," said Lion licking his lips.

"No!" gulped Ostrich.

"I think we should look for somewhere else to live," said Monkey.

"There's nowhere else to live," yelled Wild dog. "The drought is everywhere."

"We need to speak to the cloud people," said Owl. "They will know what to do."



The birds and animals agreed that the birds would fly up to the clouds and speak to the cloud people. Maybe they would send food down to earth to feed the starving birds and animals.

Tortoise and his wife were also at the meeting. Tortoise was very worried. He knew that if the cloud people delivered food to earth, he might be too slow to reach it in time. He was hungry and didn't want to miss out.

"Ahem," he said. "Do you really think that the cloud people will pay attention to a flock of birds? They need a king to go with them. Somebody to give importance to our request. I shall be their king. I shall speak for all of us."

The birds twittered amongst themselves. Eventually the birds agreed to take Tortoise along as their king.

Suddenly Hornbill scratched his head. "How do we get Tortoise up to the clouds?" he asked. Hyena laughed, and Monkey chattered. No one had thought of this problem. There were many ideas. Eventually Owl suggested that the birds could stick feathers onto Tortoise's legs. If he had enough feathers he might be able to fly.

Tortoise looked ridiculous once all the feathers were stuck to his legs. Many of the animals wanted to laugh, but they knew that Tortoise was their last hope for survival.



Everybody held their breath as Tortoise flapped his legs. Slowly he lifted off the ground and rose into the sky. The animals cheered and the birds sang as Tortoise rose higher and higher towards the clouds.

When Tortoise and the birds arrived in the clouds, the cloud people were happy to see the birds, and proud that they had chosen to bring their king with them. The cloud people prepared a feast – juicy fruits and tasty vegetables that the birds hadn't seen for a long time.

"Who is this food for?" asked one of the birds excitedly.

"Why, it's for all of you," said the cloud people.

Tortoise wasted no time. He rushed forward greedily and ate every last morsel of food, while the birds watched him. The cloud people were amazed that the birds were not eating, but they thought that it was the birds' custom to allow their king to eat first.



The birds were very angry and very hungry! They rushed towards Tortoise and pulled out all of his feathers. Then they flew back to earth to tell the other animals about Tortoise's trick.

Tortoise's feathers fluttered down to earth and he found himself stranded in the clouds. He looked around in desperation. If he jumped down to earth he would surely die. Suddenly he noticed Parrot scratching around looking to see if he could find a morsel of food that Tortoise had missed.



Continued on page 15



UFudu nezinyoni

Ikhona
lendaba

Ixoxwa kabusha nguNicky Webb



Imifanekiso nguJiggs Snaddon-Wood

Kudala kakhulu,
uma kufa inyoni
emhlabeni, umoya
wayo wawuphuma
emzimbeni bese
undiza uye phezulu
emafini; wawuphila
khona njengomuntu
wasemafini,
wawubheka
futhi unakekela
izinyoni nezilwane
emhlabeni.

Izinyoni nezilwane
zazazi ngalaba
bantu basemafini.

Kwafika
isikhathi lapho
kwakungenamvula
khona unyaka
wonke. Utshani
basha, iziphethu
zoma kwathi
izilwane zalamba.
Izilwane kanye
nezinyoni
zahlangana
zanquma ukuthi zenzenjani ngesomiso esibi kangaka.


“Ngicabanga ukuthi kufanele sidle intshe,” kwasho uBhubesi ekhotha izindebe zomlomo.

“Lutho!” kugwinya uNtshe.

“Ngicabanga ukuthi kufanele sicinge enye indawo esingahlala kuyo,” kwasho uNkawu.

“Ayikho enye indawo esingahlala kuyo,” kukhonkotha uNkentshane. “Isomiso sikhona yonke indawo.”

“Kufanele sikhulume nabantu basemafini,” kwasho uSikhova. “Bona bazokwazi ukuthi kufanele benzeni.”



Izinyoni nezilwane
zavumelana ngokuthi izinyoni
zizondiza ziye phezulu
emafini ziyokhuluma nabantu
basemafini. Mhlawumbe
babezothumela ukudla
phansi emhlabeni ukuze
izinyoni nezilwane ezibulawa
yindlala zidle.

UFudu nomkakhe nabo
babekhona emhlanganweni.
UFudu wayekhathazekile
kakhulu. Wayazi ukuthi
uma abantu basemafini
beletha ukudla emhlabeni,
wayezofika emva kwesikhathi
lapho okunokudla khona
ngenxa yobunokwe.
Wayelambe kakhulu futhi
wayengazimisele ukuthi
angaphuthelwa wukudla.

“Wo-hhe,” kwasho yena. “Kodwa ngempela ucabanga ukuthi abantu basemafini bayokwazi ukulalela isiqhoqho sezinyoni? Kumele zihambe nenkosi. Zihambe nothile nje ozokwenza kube nesithunzi nokubaluleka ukucela kwethu. Mina ngizoba yinkosi. Ngizokhulumela thina sonke.”

Izinyoni zanyenyeza zifakana imilomo. Ekugcineni izinyoni zavuma ukuhamba noFudu njengenkosi yazo.

Khona manjalo uNsingizi wenwaya ikhanda. “Manje uFudu uzofika kanjani emafini?” kubuza yena. UMpisi wagigitheka, noNkawu wanyenyeza. Akekho owayeke wacabanga ngale nkinga. Yayiminingi imibono. Ekugcineni uSikhova waphakamisa ukuthi izinyoni zinamathisele izimpaphe ezinyaweni zikaFudu. Uma enezimpaphe ezanele cishe angakwazi ukundiza.

UFudu wayebukeka ehlekisa lapho izinyawo zakhe sezinanyathiselwe ngezimpaphe. Iningi lezilwane lalifuna ukuhleka, kodwa zazazi ukuthi uFudu yithemba lokugcina lokuphila.



Zonke izilwane zazibambe umoya ngenkathi uFudu ebhakuzisa izinyawo zakhe. Kancane, kancane waphakama emhlabathini wandiza waqonda esibhakabhakeni. Izilwane zashaya ihlombe ngenjabulo kwathi izinyoni zacula ngenkathi uFudu endiza eya phezulu emafini.

Kwathi uma uFudu nezinyoni kufika emafini, abantu basemafini bajabula kakhulu ukubona izinyoni, futhi baziqhenya ngokuthi zazingume ukuza nenkosi yazo kubo. Abantu basemafini benza idili – izithelo ezimnandi nemifino enambithekayo nokwakuyinto izinyoni kwase kukudala zayigcina.

“Ngokukabani lokhu kudla?” kubuza enye yezinyoni ngenjabulo.

“Ubuzelani, okwenu nonke,” kusho abantu basemafini.

UFudu akabange esachitha sikhathi. Wahamba ngokukhulu ukushesha nangobugovu wafike wadla konke ukudla okukhona, ngenkathi izinyoni zibukele. Abantu basemafini babemangele nje ukubona ukuthi izinyoni kazidli, kodwa bacabanga ukuthi kuyisiko lezinyoni ukuthi ziyekele inkosi yazo idle kuqala.



Izinyoni zazithukuthele ziqhuma futhi zilambe zifa! Zaphuthuma zaqonda kuFudu zafike zakhipha zonke izimpaphe zazo kuye. Emva kwalokho zandiza zabuyela emuva emhlabeni ukuze ziyotshela zonke ezinye izilwane ngobugovu bukaFudu.

Izimpaphe zikaFudu zazindizela zehlela phansi emhlabeni yena wazithola esengumtshingo ubethwa ngubani emafini. Waqalaza ngapha nangapha edinga usizo. Uma egxumela emhlabeni wayezofa nakanjani. Kusenjalo wabona uPholi owayeqhwandaqhwanda efuna ukubona ukuthi angethole yini okuyizinsalela zokudla okushiywe uFudu.



Iqhubeka ekhasini le-15

"Please, Parrot," begged Tortoise, "tell my wife to build a big pile of leaves for me so that I can jump down from the clouds and not be smashed to death when I land on the hard ground."

Parrot was angry with Tortoise for eating all the food. When he got back to earth he told Tortoise's wife that her husband had asked her to build a pile of rocks for him to land on.

Tortoise's wife built the pile of rocks. Tortoise looked down from the sky and saw his wife standing next to something. He guessed it was a pile of leaves, so he closed his eyes, held his breath and jumped.

His little round body fell down to earth and landed heavily on the rocks. He cried out as his shell was smashed.



Tortoise's wife rushed to his side and stared in horror at the damage to her husband's beautiful shell. She nursed him and cared for him until eventually he healed, but the cracks in his shell remained as scars forever – a sign of what he had done to the poor birds.



Meanwhile, the cloud people were sad when they saw how the birds had been tricked. They wailed and they cried, and their tears fell down from the sky and watered the earth like rain. The grass and the trees grew again and once again the birds and animals had food. But the birds never trusted any of the tortoises again, and to this day, tortoises hide their heads inside their shells in shame when they see a bird.

"Ngiyakucela, Pholi," kuncenga uFudu, "tshela umkami angakhele indunduma enkulu ngamacembe yikhona ngizogxuma ngehle emafini ngingawi ngiphahlazeke ngife emhlabathini olukhuni."

UPholi wayediniwe yisenzo sikaFudu sokudla konke ukudla. Wathi uma efika emhlabeni watshela umkaFudu ukuthi uthe akabokwakha indunduma yamadwala ukuze aqathakele phezu kwawo lapha ehla emafini.

UmkaFudu wenza indunduma yamadwala. UFudu wabuka phansi wabona umkakhe emile eduze kokuthile. Wazicabangela ukuthi lokho kwabe kuyindunduma yamacembe, ngakho wavala amehlo, wadonsa umoya wayesegxuma-ke.

Umzimba wakhe omncane noyindilinga wawela phansi washaya kabuhlungu emadwaleni. Wakhala kakhulu ngoba igobolondo lakhe lavele laphahlazeke.



Umkakhe wagijima waya kuFudu wabuka ethukile ngomonakalo owawudaleke egobolondweni elihle kangaka lomyeni wakhe. Wamelapha emnakekela kwaze kwaba uyelulama kahle, kodwa ukuqhekezeka egobolondweni lakhe kwahlala kuyizibazi zaphakade – kwaba wuphawu lwesenzo ayesenze ezinyonini bandla.



Kusenzalo abantu basemafini babephatheke kabi uma bebona izinyoni kudlalwa ngazo ngaleya ndlela. Bachiphiza bakhala, izinyembezi zabo zawa zisuka esibhakabhakeni zamanzisa umhlaba njengemvula. Utshani nezihlahla kwaphinde kwahluma futhi izinyoni nezilwane zaphinde zathola ukudla. Kodwa izinyoni aziphindanga nje zethemba izimfudu futhi, kanti kuze kube namuhla, izimfudu zifihla amakhanda azo ngaphansi kwamagobolondo ngenxa yamahloni uma zibona inyoni.

Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1.

☉ Cut out this picture and paste it in the centre of a large sheet of paper. Then draw a thought bubble for each character in the picture. In the thought bubble, draw the front cover of the book you think each of them is reading. (Don't forget to write the book's title on its cover!)


☉ Sika ukhiphe isithombe esingezansi bese usinamathisela phakathi nendawo esiqeshini sephepha elikhulu. Emva kwalokho dweba ibhamuza lemicabango lomlingiswa ngamunye osesithombeni. Kuleli bhamuza lemicabango, dweba ingaphambili lekhava yencwadi ocabanga ukuthi ngamunye uyayifunda. (Ungakhohlwa ukubhala isihloko sencwadi ekhaveni yayo!)



2.

☉ Can you help? The lines have got mixed up. Work out which snack each of these ants likes to eat.

☉ Ungakwazi yini ukusiza? Imigqa ixovekile. Zitholele ukuthi kudlana kuni intuthwane ngayinye kulezi ethanda ukukudla.



3.

☉ Can you find and write down the names of all the animals and birds in the story, *Tortoise and the birds*?

☉ Ungakwazi ukuthola nokubhala phansi amagama ezilwane nezinyoni ezisendabeni, *UFudu nezinyoni*?

Answers: (2) 1 = C, 2 = A, 3 = B; (3) Ostitch, Lion, Monkey, Wild dog, Owl, Tortoise and his wife, Hornbill, Hyena, Parrot
Izimpendulo: (2) 1 = C, 2 = A, 3 = B; (3) Intshe, Ibhubes, Inkawu, Inkentshane, Isikhova, Ufudu nomkalo, Insingizi, Impisi, Upholi

Would you like to receive stories and literacy tips on your cellphone? Join Nal'ibali on WeChat. Visit www.nalibali.org/wechat to find out how to download WeChat.



Ngabe uthanda ukuthola izindaba kanye namacebo okwazi ukufunda nokubhala kumakhalekhukhwini wakho? Hlanganyela noNal'ibali kuWeChat. Vakashela ku-www.nalibali.org/wechat ukuze uthole ukuthi ungawuthwebula kanjani ngensiza yekhompuyutha uWeChat.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld



Drive your imagination